**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KWAMANQAMU KUKANOVEMBA 2018**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**

**IBANGA LESHUMI NANYE ( GRADE 11)**

**IPHEPHA LESIBILI( PAPER 2)**

**AMAMAKI : 70** **ISIKHATHI: 2 AMAHORA**

## IMIYALELO KOHLOLWAYO

- Fundisisa **lonke** iphepha ngaphambi kokuphendula imibuzo.
- Phendula **yonke** imibuzo ekuleli phepha.
- Landela imiyalelo njengoba uyinikiwe embuzweni ngamunye.
- Phendula ngesiZulu sangempela nopelomagama olwamukelekile.
- Bhala umsebenzi **ohlanzekile.**

## ISIQEPHU A: UMDLALO

## 1.KUSA KUSA – S.P. NHLEKO

Funda iziqeshana **EZIMBILI** ezingezansi bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

**ZENZILE:** Angishongo ukuthi uyadlala. Kepha mina angisaboni kahle.

**VUSI:** *(Embukisisa)* Uqonde ukuthini? Angisakuzwa kahle.

**ZENZILE:** *(Asukume aqoqe izimpahla ezigcwele phezu kwekhabethe.)* Awuzame phela nawe njengamanye amadoda. Abangani bami bahlale bengiqhoshela ngezinto abanazo abathi bazenzelwa ngamasoka abo. Mina anginalutho nje owake wangenzela lona. Awukaze ungithengele ngisho uswidi nje lo.

**VUSI:** Ngiyokwenzela yonke into oyifisayo Zenzile. Nalabo abahlale bekuqhoshela ngabakwenzelwa ngamasoka abo bayobhincela nxanye uma sengiwutholile umsebenzi.

**ZENZILE:** *(Ngokubhuqa)* O! Okwamanje yimina osabhincela nxaye[3].

**VUSI:** Cha angisho njalo. Into nje wena kumele ubekezele.

**ZENZILE:** Kunini nje uthi angibekezele? Nami ngiyakhathala phela ndoda ukubekezelela nento engingayiboni.

**VUSI:** *(Ngezwi elinokuncenga.)* Ungasheshi ukhathale mntakwethu. Lo mhlaba udinga abantu ababekezelayo, nabanyathela ngesizotha. Akukapheli ngami uNkulunkulu engakasho. Futhi ngeke kuhlale kunje.

**ZENZILE:** Uma ulokhu wenza kancane bazongibona abanamehlo[4]. *(Agaklaze isicabha aphume.)*

1.1.Bakuphi oVusi noZenzile njengoba bexoxa la? (1)

1.2. Bahlobene ngani uVusi noZenzile? (1)

1.3. Yini lena uZenzile angajabule ngayo ngoVusi? Chaza ngephuzu elilodwa. (2)

1.4. Caphuna umusho esiqeshini okhombisa ukuthi impilo kaZenzile ilawulwa ngabanye abantu uwubhale phansi. (2)

1.5. UVusi ungumuntu onethemba nokholo.Vuma noma uphike bese wesekela impendulo yakho. (3)

1.6. Sisho ukuthini lesi simo sokukhuluma:

Ukubhincela nxanye. (2)

1.7. Abadlali abalandelayo babambe liphi iqhaza kulo mdlalo?

1.7.1. uNomcebo (2)

1.7.2. uSebenzile (2)

**FAKAZILE:** Uzowuthola umsebenzi ozowenza uhleli phansi.

**ZENZILE:** Njengoba ngingafundile, ngizowutholaphi?

**FAKAZILE:** Bekezela nje kuyoze kulunge.

**ZENZILE:** *(Ebheke phansi.)* Ukuba umuntu uyakwazi ukubona ikusasa ukuthi limphatheleni kwakungeke kuze kube nje. Ngangizoyibona iseza le nkinga esengikuyo bese ngiyayigwema.

*(Kuqhamuke uVusi.)*

**VUSI:** Sanibonani zintokazi.

*(Esho esondela ebaxhawula ngamunye ngamunye.)*

Kusaphileka kodwa? Ngizwile nangengozi enivelele wena Sebenzile nawe Zenzile. Xolani zintokazi, uNkulunkulu uyakwazi akwenzayo. Nguye owazi ikusasa lomuntu.

**ZENZILE:** Siyabonga ngokuba uzihluphe uzosibona. Wenze kahle impela ngoba ubusungeke uphinde usibone. Siyahamba ngoMsombuluko. Ngeke siphinde sisabuya.

**VUSI:** Nami ngithe angizonibona, ngoba uNomcebo wayesengitshelile ngengozi eyanivelela.

**ZENZILE:** *(Embuka ngokumntshontsha.)* Siyazibongela.

**NOMCEBO:** Uphumaphi nezimvilophi?

**VUSI:** Ngiphuma ekhaya.

**NOMCEBO:** Pho uyoposela kuphi ngoba ngithi sekuvaliwe manje eposini?

**VUSI:** Angiyile ukuyoposa, impendulo yalapho engangifake khona isicelo somsebenzi kanye nawe.

1.8.Ubhekene nayiphi inkinga uZenzile njengoba ebalisa la? (1)

1.9. Kwenzekani le eyagcina ihlalisa uZenzile phansi?

Xoxa ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

1.10. Igama likaZenzile liyahambisana yini nalokho okwenzeka kuye kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (3)

1.11. Yayithini impendulo yesicelo somsebenzi uVusi ayesifakile? (1)

1.12. USebenzile nabangani bakhe babeyaphi aze avelelwe yingozi? (1)

1.13. UVusi ugcina esethola imisebenzi eminingi ekugcineni.

Bhala phansi imisebenzi EMITHATHU ayithola. (3)

1.14.Kungabe isihloko somdlalo esithi ' Kusa Kusa ' siyahambisana yini nokwenzekayo kuwo? Sekela impendulo yakho. (3)

1.15.Phendula ngokuthi **yiqiniso** noma **yiphutha.**

1.15.1.USebenzile nesoka lakhe bavakashela ehhotela e-Kings. (1)

1.15.2. Isibongo sikaVusi uMabhida. (1)

1.15.3. Imoto okwalimala kuyo oZenzile eyohlobo lwe-BMW. (1)

1.15.4. Unina kaMxolisi nguMaNgobese (1)

1.15.5.UZenzile wayengowaseMandeni ngokuzalwa. (1)

**[35]**

**ISIQEPHU B : INOVELI**

**AMANYAL' ENYOKA – MANDLA NDLOVU**

2.Funda iziqeshana EZIMBILI bese uphendula imibuzo ezolandela **ngemisho ephelele.**

"Ngithi ngifuna imali yami, Pat!"

"Khohlwa, akukho mali wayinuka[1] la!"

"Umthetho wakho ufuna ukubonani? Usungikhohliwe ukuthi ngingubani?"

"Uhlale ukwenza kukulungela, Thiza. Kudala kwasa uqola[2] abantu izimali zabo. Ufike kwangqingetshe[3]-ke namuhla ..." waphulwa ulimi[4] uPat osevevezela izindebe zomlomo ngenxa yentukuthelo.

"Uzoyimela le nto oyenzayo, Pat?" ngokukhulu ukufutheka lokhu.

"Yebo ngizoyimela."

"Ngilindele-ke ngisendleleni eza lapho," wayincisha impilo iselula yakhe umfo kaThusi.

Kwasa ngokunye manje kuPat nokho owayengenayo ingebhe[5] entanyeni njengexoxo. Nakuba wayengamazeli lutho olungako uThiza kodwa wayazi kahle ukuthi uzwana nezinswelaboya[6]. Iningi labantu ababekweleta uThiza lalifa ngendlela engaqondakali. Okubuhlungu ngukuthi akekho owayegcina ngokushushiswa ngalokho kufa.

Wacabanga kaningana ngokumele akwenze uPat. Wakhumbula izimpintshi kanye neziqhwaga ezingamtakula[7] ezinswelaboyeni

2.1. Bangobani amagama alaba abaqagulisana ngamagama la? (2)

2.2. Ubani igama likaPat uma lishiwo laphelela? (1)

2.3. Eyani le mali efunwa uThiza kuPat? Chaza ngephuzu elilodwa. (2)

2.4. Zichaza ukuthini lezi zimo zokukhuluma ezisetshenziswe kulesi siqephu?

2.4.1. **Ufike kwangqingetshe**- ke namuhla. (2)

2.4.2. **Kwasa ngokunye** manje kuPat nokho..... (2)

2.5. Zizathu zini ezenza uPat agoloze ukukhokhela uThiza emva kokubahlelela umshado? Bhala izizathu EZINTATHU. (3)

2.6. Khetha impendulo efanele kulo mbuzo

Abantu ababizwa ngokuthi 'izinswelaboya' ngabantu;

A. abangenaboya emzimbeni.

B. abaswele kakhulu abangenalutho.

C. abaphila impilo yobugebengu (1)

2.7. Ngowakwabani uThiza isibongo? (1)

2.8. Kungabe **uyavuma** noma **uyaphika** ukuthi isisusa sodweshu kule noveli siqukethwe yilesi siqephu esingenhla? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

2.9. UPat wayeshade nobani? Bhala igama nesibongo.

2.10. Yini eyehlukile kokujwayelekile kubantu abaningi ngomshado kaPat nomlingane (partner) wakhe? (1)

Imoto kaThabo yayisihambe yaze yama phambi kwesango lakwa nombolo 755 *Magwaza Road*, Imbali *unit 3*. Ngesikhathi nje uLindo eselungiselela ukwehla ukuze avule isango, kwangena ucingo oluphuthumayo kuThabo lumbizela kubo eScottsville ngokukhulu ukushesha lokhu.

Lokho-ke kwaphoqa ukuthi uThabo angabe esangena kwaNhlapho kodwa izikhwama zomngani wakhe azithulule khona esangweni.

"Uxole Lindo mngani wami ngizobuye ngibuye. Kusobala angeke ngize ngiduke. Ake ngiphuthume ekhaya ukuze ngizwe ukuthi bangidingelani kangaka," zixoxa nje izinsizwa zidiliza izikhwama ebhuthini yeJeep.

Wehla uLindo wasala nezikhwama zakhe. Wasondela esangweni walithola ukuthi alikhiyiwe. Walivula ngokusaba uLindo engazi noma udukile yini njengoba ayengamtholi nje unina ocingweni. Ngenxa yokusinda nobukhulu bezikhwama, waphoqeleka ukuthi aqale athathe esikhulu ebese egcina ngesincanyana. Wazithatha waze wazibeka emlandi

Waphinda futhi uLindo wabhekisisa inombolo yomuzi wayibona ibhalwe ngezinombolo ezigqamile ukuthi 755. Sathi gidi isibindi wabe eseqala engqongqoza. Nakhona njengoba engqongqoza wenza ngokusaba. Ngokwakhe wayesalindele iphimbo elizombuza ukuthi `ngubani loyo` noma lithi `ngena`.

Kunalokho kwavele kwavuleka isicabha. Kwathi memfu umuntu wesifazane athi uma embheka wambona eyintanga yakhe. Muhle nangu umuntu wesifazane. Uthe klwi, ulingene ngomzimba wase wathi ukuzotha ngebala. Unesikhumba esihle esibushelelezi esiphuphuzela uboya kancane. Wayengakazenelisi ngokuzitika ngobuhle balo muntu wesifazane uLindo ngesikhathi ezwa elimtoti iphimbo leli lithi:

"Sawubona bhuti," emoyizela qede kuthi faca ezihlathini.

2.11.UThabo wayemthathaphi uLindo njengoba embeka lapha? (1)

2.12.Usenamba bani umuzi wakubo kaLindo? (1)

2.13. Kungani uLindo esola ukuthi udukile yize kukubo la? (2)

2.14. Yiluphi ulwazi uPhathekile ayelugodlele indodana yakhe mayelana nomshado wakhe? (2)

2.15. Wayefunda kuphi uLindo.Bhala igama lesikhungo. (1)

2.16. Emva kokungena kukaLindo endlini yini eyenziwa uSindi eyayihambisana nesimilo esibi? (2)

2.17. Phendula ngegama elilodwa noma amabili le mibuzo.

2.17.1. Ubani igama nesibongo sikayise kaLindo? (2)

2.17.2. UPhathekile wayesebenzela yiphi inhlangano? (1)

2.17.3. Kukusiphi isifundazwe saseNingizimu Afrika kubo KaPhathekile? (1)

2.17.4. Ake uyiphe isihloko osibona siyifanele wena le noveli. (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESEWONKE : 70**